

I-GREENFIELDS Child and Youth Development Centre ethole iGold Award ihalaliselwa nguNgqongqoshe woMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi uNkk Weziwe Thusi neNhloko yoMnyango uNksz Nokuthula Khanyile

Izithombe: MOTSHWARI MOFOKENG



UNksz Nonhlanhla Hlatshwayo oklonyeliswe emkhakheni weBest Public Servant of the Year ehalaliselwa nguDkt Mxolisi Ngcongo

# Uyazincoma oklonyeliswe umnyango

**ZANELE MTHETHWA**

UNCOME ukuzikhandla kwakhe nokuthanda umsebenzi owesifazane ongomunye wabaklonyeliswe emcimbini woMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natal, wokuchoma uphaphe legwalagwala abasebenzi abenza kahle.

Lo mcimbi obuhanjelwe wuNgqongqoshe uNkk Weziwe Thusi neNhloko yoMnyango uNksz Nokuthula Khanyile, ubuseThekwini ngoLwesibili.

UNksz Nonhlanhla Hlatshwayo ongumabhalane ehhovisi lomnyango eliseDundee, uklonyeliswe emkhakheni weBest Public Servant of the Year. Utshele *Isolezwe* ukuthi ukuklonyeliswa kwakhe kuwumphumela wokuzikhandla emsebenzini. “Bengiwumabhalane iminyaka ewu-8 eMnyangweni wezeMfundo. Ngineminyaka emithathu ngisebenza kowezokuthuthukiswa komphakathi. Okwenza ngivelele wukuthi ngenza okungaphezu kokulindelekile emsebenzini wami. Ngisebenza amahora angaphezulu nangempelasonto ngoba okubalulekile wukuthi umsebenzi wami ungasaleli emuva.”

Uthe ubuye abambele umphathi wakhe uma engekho ehhovisi.

Ungqongqoshe ukhale ngokuthi kunabadembeselayo ukufaka amagama abo ukuze bancintisane kulo mcimbi wemiklomelo. Ukhuthaza abangakaze bangenele ukuthi bangenele ngonyaka ozayo. “Inhloso yalo mcimbi ukuthi abantu bazihlole ukuthi basawenza kahle yini umsebenzi wokusiza umphakathi. Siyaziqhenya ngabasebenzi bethu abazikhandla phezu kwezimo esibhekene nazo emphakathini. Siyazi baqeqeshwe ngokwanele.”

Kube nomkhakha weMEC’s Special Award okuklonyeliswe kuwo uMnuz Thokozani Masilela. Kuphinde kwaba noweHOD’s Special Award othathwe ngoNksz Nelisiwe Khambule, Sibongile Kubheka, Nozipho Mazibuko noBongiwe Yengwa abangamaData Capturers ohlelweni i-Expanded Public Works.

UNksz Khanyile obeqala ukuhlangana nalezi zintokazi, uthe ubone kufanele aziklomelise ngomsebenzi omkhulu eziwenzayo wokuqoqa nokugcina imininingwane yomnyango.

UDkt CM Kunene obengomunye wamajaji, uthe bebebheka izinga labasebenzi lokuletha intuthuko emphakathini. Uthe ezikhungweni bebebheka ukuthi bayaqhubeka yini nokuqeqeshwa abasebenzi ukuze baphucule izinga lokusebenza. Ubonge isibindi kwabangenele nokuthi bavezele umphakathi ngemisebenzi yabo emihle.

Abaklonyeliswe emkhakheni iTeam of the Year kubalwa iKranskop Service Office ethole iBronze Award, iLounsberg Service Office ethole iSilver kwathi iGreenflields Child and Youth Development Centre yathola iGold Award. Ezinye izikhungo zihlonishwe ngezitifiketi. Abawiilne kulo mcimbi bazomela umnyango kumaKZN Premier’s Awards ngoJulayi.

PRINTED FROM PRESSREADER — NOT FOR SALE — PERSONAL COPY — COMMERCIAL DISTRIBUTION PROHIBITED